SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**Imiyalelo yokumaka leli iphepha**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. **Imibuzo emide**
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. **Imibuzo emifushane**
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

## 'IDWALA LIKASHAKA' – JM Sikakane

- Ungasebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo. Izimpendulo zingahluka kuya ngokuthi umfundi uyiqonde kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-32.

Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda imifanekisomqondo. Ohlolwayo makaphinde akhombise ukuthi uyawuqonda umqondo okuyilokho okushiwo yimbongi kule nkondlo. Umfanekisomqondo yilobo buciko obudalwa ukusebenzisa izifengqo ezifana nesifaniso, isingathekiso kanye nokwenzasamuntu. Imifanekisomqondo/ izithombemagama ziwubuciko obubalulekile emibhalweni yobunkondlo ukuletha umqondo ophelele owethulwa imbongi enkondlweni. Umqondo wale nkondlo umayelana nomlando wedwala likaShaka elisosebeni lolwandle eSibubulungu okusakhulunywa ngalo nanamuhla. Leli dwala liqukethe umlando owangesikhathi kusabusa inkosi uShaka.

**Ukusetshenziswa kwemifanekisomqondo**

- Ukwenzasamuntu:
  5. Yidwala likaShaka
  6. Elengamel' ulwandle

Imbongi isebenzise izimpawu zokwenza komuntu uma ekhombisa ubukhulu kanye nokuphatha kwakhe. Leli dwala lalilikhulu lingaphezu kolwandle okungangokuba kwakungathi yilo elikhonyayo.

- Isifaniso:
  7. Kuhle kwenkos' imele
  8. imikhosi yempi.

Imbongi iqhathanisa ukuma kwenkosi endaweni ephakeme ibuka impi yayo kanye nangendlela idwala elimi ngayo likhombisa ukuba namandla kanye nokubusa phezu kolwandle njengoba nenkosi ibusa isizwe sayo.

- Ukwenzasamuntu:
  9. Yidwala likaShaka
  10. Elabikezel' umLungu,

Imbongi isebenzise izimpawu zomuntu ngoba uthi idwala yilona elabikezela ukufika kwabeLungu beqhamuka olwandle. Imbongi ikusho lokhu ngoba inkosi uShaka yayihlezi phezu kwalo leli dwala ngenkathi ifikelwa isibonakaliso sokuthi kuzofika abeLungu beqhamuka olwandle. Manje kuba sengathi yilo elababikezela kanti inkosi uShaka.

- Ukwenzasamuntu
  13. Yidwala likaShaka
  14. Elalibuk' amabutho



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



Imbongi kule migqa engenhla ifake izimpawu zomuntu okungamehlo. Ithi idwala yilo elalibuka amabutho kanti inkosi uShaka owayebuka ehlezi phezu kwalo. Manje kube sengathi yilona elalibuka amabutho.

- Ukwenzasamuntu
  17. Yidwala likaShaka
  18. Eligezw' amagagasi,

Imbongi kule migqa engenhla ifake izimpawu zabantu. Uma ukhuluma ngokugeza kubhekiswa kubantu ngoba yibo abagezayo. Lapha kule migqa ngesikhathi amagagasi ezishaya kulo idwala kube sengathi ayaligeza.

Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Imbongi isebenzise kahle imifanekisomqondo okuyisifaniso, ukwenzasamuntu ukugqamisa umqondo osobala wale nkondlo omayelana nomlando oqukethwe yidwala elitholakala eSibubulungu.

[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle]

[Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.] **[10]**

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'UCU OLUMHLOPHE' – CT Msimang**

2.1 Kwaqokw' <u>u</u>b<u>u</u>hlal ob<u>u</u>gabis' <u>u</u>b<u>u</u>mhlophe:
[Nikeza imaki elilodwa uma elitomulile ifanamsindo] (1)

2.2
- Kule migqa imbongi isebenzise igama elinothile iminjunju ukugqamisa indikimba yobuhlungu bothando eyabuzwa incenga inhliziyo ukwakha uthando olucelwa yinsizwa.
- Iphinde imbongi isebenzise i-okzimoroni '… alunasiqalo nasiphetho' ukugqamisa ukuthi lolu thando alunamkhawulo luhlala lukhona njalo uma sebethandana baphenduka babe munye.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukuthi le migqa iyigqamisa kanjani indikimba] (2)

2.3 Le mpindamqondo ekule migqa evumelanayo ingelekelele ukuba ngiqonde ukuthi imbongi ibuka ngamehlo angasakhombisi nkani, akhombisa ukuhlulwa wuthando ngokulwamukela njengoba intombi iqala ukuthanda insizwa.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze ukuthi impindamqondo yelekele kanjani] (2)

2.4 Inhloso yembongi ekusebenziseni imvumelwanosiqalo u-'**u**' ukuletha umgqumo osamculo omnandi nokugcizelela ukuthi lolu thando kumele lubhekiswe kuye aluphathe kahle ukuze lungapheli.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusetshenziswa kwemvumelwano] (2)



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



2.5 Isigqi sale nkondlo siyanensa nakuba kunokweqiwa konkamisa kwamanye amagama kodwa ngenxa yomoya wokukhathazeka/wokunxusa. Imbongi isebenzise kahle ifanamsindo, imvumelwanosiqalo, imvumelwanosigcino okudala isigqi senkondlo.
[Nikeza amamaki amabili uma ehlaziyile isigqi] (3)
**[10]**

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'WE SINXIMFI NDINI!' – MSS Gcumisa**

3.1 <u>U</u>yisigqila somona,
<u>U</u>mon' ongumthakathi,
[Nikeza imaki elilodwa uma eyitomulile imvumelwano] (1)

3.2 Ibinza lesi-2 lethula umqondo wokukloloda/wokuqhosha. Imbongi iklolodela lo muntu, ithi 'klibhi klolo …' ukuthi abantu sebeyayibona imisebenzi yakhe emibi. Sengathi kuphele ngisho nokudelela kwalo muntu njengoba kukhona abadelela ngaphezu kwakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane umqondo oqukethwe ibinza lesi-2] (2)

3.3 Umyalezo otholakala kuleli binza owokuthi kubalulekile ukuthi uma uwumuntu ungalokhu ucasukela abanye abantu abaphumelelayo. Imbongi ithi ungagcina ufile ungakwazanga ukuzenzela izinto futhi ungaphumelelanga empilweni.
[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umyalezo otholakala kuleli binza] (2)

3.4 Inhloso yembongi yokusebenzisa i-enjambamenti ukuqedela umqondo womugqa we-15 emgqeni we-16 nokwakha ilukuluku kofundayo ukuthi akwazi ukufunda ngokushesha./Kungenzeka imbongi yayifuna nokuthi kubekhona ukuxhumana-maphakathi enkondlweni.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wasekela] (2)

3.5 Ngokwami ukubona imbongi ilusebenzise kahle uphawu oluwumbabazi. Uphawu oluwumbabazi lusetshenziswe lwalandela igama u-ndini/sikhohlisani ukugcizelela khona ukuthi izenzo zalo muntu azamukelekile.
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngempumelelo yembongi ekusebenziseni uphawu olungumbabazi] (3)
**[10]**



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'ISIZIBA SENHLAKANIPHO' – EJ Mhlanga**

4.1 Umoya otholakala ebinzeni loku-1 owokuncoma ngoba imbongi incoma imfundo/isikhungo semfundo ephakeme iyibiza ngesiziba esijulile, uNjulase.
[Nikeza amamaki amabili uma esishilo isigqi wanikeza nomoya wale migqa] (2)

4.2 Umqondo ocashile otholakala kule migqa owemfundo. Kule migqa imbongi isaqhubeka nokuncela ulwazi kubafundisi abalokhu beqhubeke njalo nokuyifundisa.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane umqondo ocashile] (2)

4.3 Ngicabanga ukuthi ukukhethwa kwaleli gama kungelekelele ukuba ngiqonde ukuthi imfundo into elikhuni nengaqondakali kalula. Akulula ukuzuza imfundo esezingeni eliphezulu.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukukhethwa kwegama okugqamise indikimba] (2)

4.4 Inhloso yembongi yokusebenzisa i-enjambamenti ukuqedela umqondo womugqa wama-23 emgqeni wama-24 nokwakha ilukuluku kofundayo ukuthi akwazi ukufunda ngokushesha.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusebenzisa i-enjambamenti] (2)

4.5 Imbongi iyisebenzise kahle ithoni yethemba/ yokucabanga okuhle njalo.
Imbongi inethemba lokuthi uma seyishonile hleze abasele bayokwazi ukuthola imfihlo yokuthi imfundo igcinaphi.
[Nikeza amamaki amabili uma ehlolisisile ukusetshenziswa kwethoni wasekela] (2)
**[10]**

**KANYE**

**'UKUTHETHELELANA' – MD Buthelezi**

5.1 Sim**aka**de, Som**a**ndl**a**, Nhl**ala**m**a**fini,
Ifanankamisa.
[Nikeza amamaki amabili uma etomulile waligagula ifanamsindo] (2)

5.2
- Umqondo wokuthi ulimele uphuma igazi ezinhlangothini zomzimba.
- Umqondo wokuthi ufela izinkinga zabantu.
- Umqondo wobunzima uSimakade/uSomandla/iMvana eyadlula kubo ngesikhathi ifela izono zabantu.

[Nikeza amamaki amabili uma ewunikile umqondo wale migqa] (2)

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



5.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa isikhawu/isizura 'ukuphumula nokubala izinto ezenziwa uJesu/uSomandla/uSimakade emuva kokuba abantu bonile kanye nokugcizelela okuqukethwe yila magama andulela uphawu lokuphumula.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusetshenziswa kwesikhawu/isizura] (2)

5.4 Umqondo otholakala kule nkondlo owokuthethelelana/owokuxolelana njengoba nendodana kaNkulunkulu yabathethelela abayikhaphelayo.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umqondo otholakala kule nkondlo] (2)

5.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa impindwa ethi, 'ukuthethelelana …' ukugqamisa ukubaluleka kokuthi uma kukhona ukungezwani abantu mabakwazi ukuxolelana. Impindwa iphinde igcizelele umqondo owethulwa amagama ewaphindaphindile enkondlweni, ukuze kwakheke umgqumo omnandi osamculo.
[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngokusetshenziswa kwempindwa] (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

## INOVELI

### UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

### *BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

Lesi sitatimende esithi, 'ukungathembeki kwabantu uma besebudlelwaneni bezothando kuba nemiphumela engemihle' siyiqiniso ngoba abanye abalingiswa abakule noveli abathembekanga ebudlelwaneni babo lokho kube nemiphumela engemihle ebudlelwaneni babo. Umlingiswa onguXolani, uNgidi, uNontobeko kanye noMhlengi bangabanye babalingiswa abakhombisa ukungathembeki ebudlelwaneni bezothando.

- UMhlengi akathembekanga kuNontobeko wamfihlela ukuthi useyi-gay. Lokho kwenze ukuba uNontobeko ahlalele ethembeni elingekho lokuthi uyophinde abuyelane noMhlengi.
- UNontobeko akathembekanga kuNkululeko ngoba uvumile ukuthi amlobole yize wayazi kahle ukuthi usenothando lukaMhlengi. Lokho kube nomphumela ongemuhle ngoba uNontobeko wamala ngosuku olwandulela umshado washiya uNkululeko. UNkululeko wagcina ngokuzikhunga afe.
- UNgidi akathembekanga kuNomalanga ukuthi amtshele iqiniso lokwenzeka kuye nendodana yakhe. Ukuthula kukaNgidi abematasa nokufuna uMhlengi ebe engamtshelanga uNomalanga lokho kwenza ukuba baxabane.
- UXolani usephupha elele ebiza igama likaMahlengi. Uyakuzwa lokhu uLungile kuyamdina ugcina exabana naye.
- UXolani washiya izingane ezikhiyele endlini wavakashela uMahlengi okwaphetha ngokuthi kushe umuzi ungqongqe kushone nezingane ezingaphakathi.
- UXolani, akanakho ukuzisola nonembeza wokuhamba aye entombini eshiya inkosikazi ikhala. Esefikile kwaMahlengi uXolani washaqeka ethola ukuthi uMahlengi kwakungumuntu wesilisa. Ngalesi sikhathi wayeselahlekelwe yikho konke ayenako ngento engekho. Umndeni wakhe wawushabalele noLungile esesele nenhliziyo ebuhlungu ngenxa yokuqonywa ebe eshadile.

Isenzo sabanye abalingiswa sokungathembeki ebudlelwaneni babo bezothando sibe nemiphumela engemihle empilweni yabanye abalingiswa nakubona uqobo.
[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**


SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

## *BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya

7.1 Umoya wokukhathazeka. UNontobeko ukhathazekile ngoba uNgidi ufuna ukuphumela ngaphandle endaweni abangayejwayele, esaba izigebengu.
[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umoya wasekela] (2)

7.2 Isizathu esokuthi uNgidi uhambile waya eThekwini engazange amtshele/ amazise uNomalanga.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile isizathu esenza isimo sezinto singabi sihle phakathi kukaNgidi noNomalanga.] (2)

7.3
- UNdumiso wathola kwenye yezintombi zikaSbu u-Ayanda ukuthi uNgidi unemali eningi, waxoxela uNdumiso ngaleyo mali.
- UNdumiso kwamnikeza icebo lokuzama ukuyithola le mali, wabulala uNyambose ngesikhathi sokubamba inkunzi uNgidi okwenza agcine eboshiwe. Kwahlukumezeka abantu abaningi kaNgidi.
- Kwagcina kuxabane uZakithi noNomthi ezinye zalezi zintombi zakhe zashayana ngoba zibanga yena.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile imiphumela yezenzo zika Sbu ngamaphuzu amathathu] (3)

7.4 Indikimba yale noveli uthando/ithemba. Bobabili babemthanda uMhlengi benethemba lokuthi bazomthola bese kulunga izinto phakathi kwabo. UNontobeko uthemba ukuthi bazoxoxa noMhlengi bese beqhubeka nothando lwabo ngoba wayengamnikanga isizathu sokwehlukana naye. UNgidi unethemba lokuthi yize uMhlengi wayemtshelile ukuthi uyi-gay kodwa kungenzeka ukuthi wabuye wawuguqula umqondo wakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo okumayelana nezenzo zikaNontobeko noNgidi] (3)

7.5 Bobabili bashayelwa ukuthandana nabantu ababenabanye abantu abathandana nabo. UXolani washayelwa ukuvakashela uMahlengi eshaywa nguNdumiso. UZakithi washayelwa ukuvakashela uSbu eshaywa nguNomthi.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ngokushaywa kukaXolani noZakithi] (3)

7.6 Umbhali uhlose ukufundisa abantu ukuthi babexwaye abantu abangabazi ngoba kungafaka amanye amalungu omphakathi enkingeni. UNgidi wabanjwa inkunzi kwabulawa noNyambose ngenxa yolwazi olwalutholakale kuNhlumayo.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguNhlumayo kule noveli] (2)



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



7.7 Amazwi kaNgidi akhombisa ukuthi uxakekile noma umatasatasa njengoba esethole umkhondo kaMhlengi. Kudingeke ukuba aphuthume eThekwini ekwenza lokhu ngethemba lokuthi uzomthola. Ukuduma kwekhanda kwenze ukuba agcine ekhohliwe nangokunye okubalulekile empilweni yakhe phakathi kwakhe noNomalanga. Lokhu kuyamsiza ngoba ugcina esemtholile nakuba esezishintshe ubulili.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umthelela wamagama abhalwe ngokugqamile] (2)

7.8 Ngicabanga ukuthi libe nomthelela omubi ngoba ukwaliwa kukaNkululeko nguNontobeko kwamenza waba nengcindezi ehlala ekhala, esenciphile nasemzimbeni. Lokhu kwakukhathaza abakubo bemduduza, ikakhulukazi udadewabo uZinhle. Ekugcineni wahlukumezeka kakhulu umndeni ngoba wazibulala ngokuzikhunga.
[Nikeza amamaki amathathui uma ekwazile ukuveza umthelela wothando lukaNkululeko ngoNontobeko wase esekela] (3)

7.9 Kwamukelekile ngoba kwakungamele uNgidi ahambe aye endaweni ekude kangaka eThekwini ebe engamazisanga uNomalanga anobudlelwane bezothando naye.

NOMA

Akwamukelekile ngoba uNomalanga ukhombisa ukuba nesikhwele ngoNgidi owayehambe engamtshelanga. Uphendula uNgidi ngokucikeka yize wayesexolisile ngokuhamba engamtshelanga wakhohlwa nangezingxoxo ezaziphathelene nokuthumela abakhongi kwaNdlovu ababevumelene ngazo noNomalanga.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuthi kwamukelekile/akwamukelekile wasekela] (2)

7.10 Ngiyazwelana noLungile ngoba uXolani wayesebuya ebusuku ekhaya akhohlwe nawumcimbi ababezoya kuwo wabuyela nasotshwaleni, bashelwa ngumuzi baze bashonelwa yizingane. Ngingayobikela umndeni ukuba usisize noma ngifune udokotela wezengqondo oweluleka abashadikazi.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekuvezile ukuthi uyazwelana noLungile bese esekela impendulo yakhe abuye achaze angakwenza uma ebhekana nalesi simo] (3)
**[25]**



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

Lesi sitatimende esithi, 'Akubona bonke abantu abathi uma sebecebile bashintshe indlela abaziphatha ngayo.' siyiqiniso. Lokhu kufakazelwa umlingiswa onguNomvula/ Mirriam Mazibuko. UNomvula akuzange kumguqule ukuwina kwakhe emjahweni wamahhashi. Uyaqhubeka uyabasebenzela abaqashi bakhe o-Dicey.

- UNomvula uhlonipha wonke umuntu, nalabo angabazi njengalabo abazenza abadayisi bomshwalense. Uhlonipha nemibono yabantu abangenamali eningi njengeyakhe njengoSikiti, omtshela ukuthi kufanele ageze imali yakhe ngoba inamabhadi.
- UNomvula uyaqhubeka nokuthandana nesithandwa sakhe uGenyeza seminyaka emajalidini. Uhamba naye bayobheka izimoto emagalaji kuze bezobona ukuthi iyiphi abazoyithenga. Unogada wasegalaji ubabukela phansi akabathembi ukuthi bangakwazi ukuthenga imoto ebizayo kepha uNomvula akacasuki futhi akamdeleli.
- UNomvula uyaqhubeka nokumhlonipha uyise omncane uMeyili yize wamxosha ekhaya emuva kokuba wayesekhulelwe. UNomvula uba nezifiso ezinhle ngoyise. Uthi uma eyovakasha ekhaya abathengele ukudla aze abaphekele. Wakhela uyisomncane uMeyili isitolo emakhaya, waphinde walungisa nekhaya lakubo.
- UNomvula akazange ambambele igqubu uMaHadebe yize athumela indodana yakhe eyisigebengu uMahuzu ukuba imdlise umuthi wokumhlanyisa, kubulawe nonina. Kepha kunalokho wamakhela umuzi omuhle.
- UNomvula uthandana noChule emuva kokuthi uChule esebenzise iqhinga lokuthi ufuna ukumvikela. Baphetha ngokuhlala ndawonye eMlazi, bakha isitolo esikhulu. UChule wenza itulo lokuzama ukusoconga uNomvula. Kugcina kufa uChule epitshizwa yimoto.

Izenzo zikaNomvula ziyaveza ukuthi abanye abantu abashintshi indlela abaziphatha ngayo uma sebenemali. UNomvula akabajikelanga abantu abaphenduke izitha zakhe ngenxa yokufuna umcebo wakhe, uqhubekile nokubahlonipha wabenzela okuhle kwaze kwaba sekugcineni.

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

9.1 Umoya wokukhathazeka/wokushabasheka. UMaHadebe ukhathazekile/uhleli ngesinqe esisodwa ngoba uzama ukubonisana noMazibuko mayelana nesu lokuzuza umcebo kaNomvula kodwa akamnaki, wazama ukumfaka umoya, wagcina ngokuvuma uMazibuko.
[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umoya wasekela] (2)

9.2 UMeyili noMaHadebe babengaboni ngaso linye mayelana nodaba lokuthumela uNomvula ngezinswelaboya. Ngenxa yokuthi uMeyili wayeyilangazelele naye le mali, waphetha ngokulivuma icebo eliza noMaHadebe.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile izizathu ezenza isimo sezinto singabi sihle phakathi kukaMaNdelu noMeyili] (2)

9.3
- Wabulala inja nekati ngoba wayethi uthelele uMaNdelu ushevu kanti uMandelu angeke akudle ukudla.
- Wagcina esedle ushevu ayethi udlisa ngawo uMaNdelu wacishe wafa.
- Washonelwa indodana yakhe uMahuzu eyathola ingozi yemoto ngenkathi iyohlasela uNomvula.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile imiphumela yezenzo zika Mahadebe ngamaphuzu amathathu] (3)

9.4 Indikimba yale noveli umcebo. Bobabili banomhobholo. UMaHadebe wahlela icebo lokuhlasela uNomvula esebenzisa uMahuzu ngoba eyisigebengu. UMahuzu wayeyisigebengu esaziwayo eGoli esasibulala abantu, sigqekeza futhi seba.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo okumayelana nezenzo zikaMahuzu kanye noMaHadebe mayelana nendikimba yale noveli] (3)

9.5 Bobabili bashayelwa udaba lukaMirriam/lukaNomvula beshaywa nguGenyeza. UDaffo washaywa nguGenyeza ngoba ezenza udokotela ozohlola uMirriam ingqondo ngoba ecabanga ukuthi ayisathathi kahle ngenxa yokuwina umjaho wamahhashi. UHlulintombi washaywa nguGenyeza ngoba ehlulekile ukuqapha uNomvula ukuthi kungangeni muntu ozomqola umcebo wakhe okwathi uma kufika uChule wamupha ugologo wase emngenisa.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ngokushaywa kukaHlulintombi noDaffo]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

9.6 Umbhali uhlose ukufundisa ukuthi bakhona abelungu abalusizo kubantu ababasebenzelayo/abangenawo umhobholo. UDicey wamlekelela uMirriam ngenkathi ewine *i-pick six*, waphinde walekelela uGenyeza ngokumxhasa ngenkathi esethuthukisa ikhono lakhe lokucula.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguDicey kule noveli] (2)



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



9.7 Amazwi enkosikazi enguMaSkhakhane agqamisa ukuthi kwakunobungozi obukhulu obuzayo obabuhleliwe bokubulala uNomvula. Ngakho-ke kwakubalulekile ukuthi aphephe. Lokhu kwakuzokwenza ukuba izigebengu zingamtholi ukuze abulawe.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umthelela wamagama abhalwe ngokugqamile.] (2)

9.8 Ngicabanga ukuthi waba nomthelela omubi ngoba wawudala ingxabano phakathi kukaChule noNomvula, uChule wagcina esewuvala ukuba udlalwe noma ulalelwe ekhaya nasesitolo iSicingamazibuko. Ekugcineni waba nenzondo ngenxa yokuthi wayecabanga ukuthi uNomvula wayelalela umculo kaGenyeza ngoba esamthanda. Weza nesu lokubulala uNomvula yize kwagcina kushone yena.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuveza umthelela womculo] (3)

9.9 Kwamukelekile ngoba kuyisenzo esihle ukuxwayisa amalunga omphakathi ngobugebengu obusuke buhlelwa nempilo yawo. Inkosikazi yabasiza oMaNdelu noNomvula ngolwazi olumayelana nezinhlelo ezazenziwe uMaHadebe zokubulala uNomvula esebenzisa uMahuzu nezinye izigebengu.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuthi kwamukelekile wasekela] (2)

9.10 Ngiyazwelana nomlingiswa onguNomvula ngoba babesebudlelwaneni beminyaka eyi-15 obabungayi ndawo. Wayesemchithele isikhathi eside uGenyeza engamloboli futhi ezenzela umathanda. Uma ngingabhekana nalesi simo ngingamshiya umuntu engisebudlelwaneni naye ukuze ngingazichitheli isikhathi.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekuvezile ukuthi uyazwelana noNomvula bese eyasekela abuye achaze ukuthi angenzenjani uma engabhekana nalesi simo.]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)
**[25]**


SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

### *KUNJALO-KE* – ME Wanda

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

Isitatimende esithi, 'Ukungathembeki kwabantu uma besebudlelwaneni bezothando kuba nemiphumela engemihle.' siliqiniso ngoba kule noveli, bakhona abalingiswa abenze izenzo zokungathembeki kubantu abanobudlelwane nabo. Lezo zenzo zokungathembeki zigcine ziba nemiphumela engemihle kubona uqobo nakwabanye abalingiswa.

- Uthisha uMoloi uqonywa uDumazile ebe enentombi yakhe uMisi Hlophe onguthisha kaDumazile. Lokhu kuba nomphumela ongemuhle ezifundweni zikaDumazile ngoba kuyamphazamisa kakhulu.
- UDumazile wabikela uMoloi ukuthi ukhulelwe esebuya ngonyaka olandelayo. Akabange esasondelana uMoloi noDumazile njengakuqala. Lokhu kwenza uMoloi wabaleka esikoleni mhla sekufika amakhosikazi esikoleni ezobika isisu.
- UMoloi wayengasabonwa emuva kokuxoshwa kukaDumazile esikoleni ngenxa yokukhulelwa kwakhe.
- UDumazile kanye nonina uMandovela baxoshwa uKheswa, okwamhlukumeza uDumazile ngoba noMoloi wayengasamazi ukuthi washonaphi wasala nesisu engasekho uMoloi.
- USithole ushiya umkakhe uMaNzimande uyokipita noDumazile, baba nengane uMtholephi. Umthengela umuzi nemoto ebe engamazisanga umkakhe. Lokho kuba nemiphumela engemihle kubudlelwane bukaSithole noMaNzimande.
- UDumazile akathembeki kuSithole uhlangana noMthovovo ukuthi kushiswe isitolo sikaSithole. Lokho kuholele ekutheni uSithole agcine esehlupheka.
- UDumazile ulala noMthovovo ebe ethandana noSithole. UMthovovo ogcine ngokushona uma sekufa wonke amadoda ake azibandakanya ngezocansi noDumazile.
- UDumazile washada noMtalaselwa esengunesi. Lokhu kudala ukungezwani phakathi kukaMtalaselwa nabazali bakhe ngoba babengamthandi uDumazile ngenxa yesimilo sakhe.
- UMoloi walwa noSithole mhla beficana emzini kaDumazile. Lokhu kufika kukaMoloi emzini kaDumazile kwakusakhombisa ukuthi ukungathembeki kuMoloi noDumazile.
- UMoloi akamtshelanga uDumazile ukuthi usephethwe isifo sengculazi. Akayicabangeli nengane yabo ukuthi izosala ingasenamzali uma yena egulisa uDumazile.

Izenzo zabanye abakule noveli zikhombisile ukuthi uma ungathembekile kumuntu onobudlelwane naye bezothando lokho kuba nemiphumela engemihle, njengoba kwenzekile kule noveli.
[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

11.1 Umoya wokucasuka/wokudinwa/wokuthukuthela. UKheswa ucasulwa/udinwa/uthukutheliswa ukuthi uDumazile usebuyile eMbumbulu engaqedile kanti wayengafuni ukuthi uDumazile njengentombazane aqhubeke nokufunda. Kwakumele alinde ukuyogana.
[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umoya wasekela] (2)

11.2 Isizathu esenza ukuthi isimo senhlalo singabi sihle ukuthi uKheswa ukhumbuza uMaNdovela ukuthi yena wayevele engafuni ukuthi uDumazile ayofunda eMbumbulu wayefuna ayogana noma kube ukuthi okungenani ayofunda eMzamo eXobho ahlale kababekazi wakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile izizathu ezenza isimo sezinto singabi sihle kuMaNdovela noKheswa.] (2)

11.3
- Kwaba nengxabano phakathi kukaDumazile noMtalaselwa, waze wambeka isandla.
- Kwagcina sekulwe uMoloi noSithole emzini kaDumazile bebanga yena uDumazile.
- Kwagcina sekutsakelana izingane zakhe uLerato noMtholephi ngobaba bazo. UMtholephi ethi owakhe ubaba, uSithole wathenga lo muzi abahlala kuwo futhi uMoloi wayehamba ngemoto yokwebiwa. ULerato ethi owakhe ubaba unemoto kanokusho futhi unemali, okaMtholephi wayengenamali.
- ULerato wagcina ephoqelekile ukuba ayeke isikole ukuze abheke ikhaya ngoba uDumazile wabaleka ngemuva kwesigameko sokulwa kukaMoloi noSithole.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile imiphumela yezenzo zikaDumazile.] (3)

11.4 Bobabili babengaziphathi kahle kwezobudlelwane bezothando ngoba babethandana nabantu abaningi ngesikhathi esisodwa. Indikimba yale noveli imayelana nokuziphatha kabi/nesimilo esixegayo. UMoloi wayethandana noDumazile noMiss Hlophe yize wayeganiwe. UDumazile wabuyelana noMoloi noSithole yize wayegane uMtalaselwa, waphinde walala noMthovovo yize ethandana noSithole.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo] (3)

11.5 Bobabili bashaywa ngoba baficwa noma babonwa nabantu ababethandana nabo ngaphambilini. UMtalaselwa wafica uDumazile eme noSithole emgwaqeni wacasuka wamshaya ngezimpama. USithole wafika emzini kaDumazile wafica imoto kaMoloi, uMoloi esendlini edla noDumazile. Wathukuthela uSithole waklinya uMoloi ngoba emufica enethezekile ekubeni umuzi kungowakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ngokushaywa kukaDumazile noMoloi]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



11.6 Umbhali uhlose ukusifundisa ukuthi abantu abawumndeni babaluleke kangakanani empilweni yomuntu. UMaKheswa nguyena owayenza isiqiniseko sokuthi uMaNdovela uyabuyela emzini wakhe ngemuva kokuxoxisana noKheswa umfowabo.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMaKheswa] (2)

11.7 Amazwi asesiqeshini asho ukuthi uKheswa wayediniwe kakhulu ngesenzo sikaDumazile sokungaqedi isikole ekubeni wayefuna afunde. Lapha wayesezibona kungasekho ayobuye akuhlanganise naye uDumazile okuthintana nemfundo noma nekusasa lakhe. Yena njengoyise wayengasakwazanga ukuthola izinkomo ngoDumazile ngoba emfundisa esikoleni kanti naleyo mfundo izophelela emoyeni.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umthelela wamagama abhalwe ngokugqamile] (3)

11.8 Ngicabaga ukuthi kwaba nomthelela omubi ngoba uSithole wagcina esehlala ngokuxabana noMaNzimande. Le nkinga yekhaya elingenakho ukuthula yaholela ekutheni uSithole agcine esethandana noDumazile ashiye uMaNzimande ayohlala noDumazile. UMaNzimande wagcina esephila ngokubamba amatoho emajalidini. Ekugcineni washona uSithole noMaNzimande, uMpisendlini wasala engasenabazali.
[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukuveza umthelela wowokuqashwa kukaDumszile kwaSithole] (2)

11.9 Kwamukelekile ngoba uMaNdovela ungumama onakekela ingane yakhe uDumazile ngoba wamcelela kuyise uKheswa ukuba aqhubeke nokufunda eMbumbulu kunokuthi ayofunda eXobho kwababekazi wakhe nokuyogana njengoba kwakusho uKheswa ngokwalesi siqeshana.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuthi kwamukelekile wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

11.10 Ngiyazwelana nomlingiswa onguMaShandu. Wayengazange amthakathe umntwana kaDumazile, wayesukelwa nje. Uma ngingabhekana nalesi simo ngingabikela umndeni ukuze uxazulule le nkinga noma ngicele iseluleko kumfundisi webandla engisonta kulona.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekuvezile ukuthi uyazwelana noMaShandu bese eyasekela abuye achaze angakwenza uma ebhekene nalesi simo.]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka (3)
**[25]**


SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

### *IMPI YOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

'Le noveli ikhuluma ngokukhuliswa kwezingane emndenini onokuthula nenhlonipho kanye nasemndenini onokungezwani nokungahloniphani.' Lesi sitatimende siliqiniso ngoba indlela okukhuliswa ngayo uHlanganisani no-Uzithelile kanye naleyo okukhuliswa ngayo u-Euthenasia noMelody ayifani. Umndeni wakwaCele eMpaphala uhlezi ngokuthula nokubambisana kanti umndeni wakwaNgubane eMlazi/eLa-Lucia uhlala ngokuxabana futhi akukho ukubambisana. Ngakho-ke lezi zingane ezivela kule mindeni engefani, zigcina zikhuliseka ngendlela eyahlukene.

- KwaCele eMpaphala. AbakwaCele bazikhulisa ngokubambisana, inhlonhlonipho, ukuzimela, ubuntu nangokwenkolo yesintu neyobuKhristu izingane ezingoHlanganisani no-Uzithelile nezinye kanti abakwaNgubane eMlazi/e-La Lucia ezabo izingane bazikhulisa ngendlela eyahlukile. UMelody kanye no-Euthenisia banakekelwa kakhulu umama osizayo ekhaya, okunguMaXakushe.
- AbakwaCele babethandaza kuyo yonke into abayenzayo kanti abakwaNgubane emzini kaBafana bona kunesikhathi lapha babengasathandazi khona futhi bengasayi ngisho nasesontweni. Lokhu kuyasakha isimilo sezingane ezikhuliswa eMpaphala bese bedlebeleka laba abakhuliswa eMlazi.
- U-Uzithelile noHlanganisani babenemiqondo ekhaliphile bakwazi ukutshala izihlahla zezithelo ukuze ngelinye ilanga baqale imboni yezithelo kodwa u-Uzithelile noMelody babengawazi umsebenzi ngoba kwakunesisebenzi kubo.
- AbakwaCele babebakhuza bona abantwana uma kukhona okonakele. UMaKhumalo wamkhuza u-Uzithelile ngomkhuba omubi wokulwa ebambisene noCele. AbakwaNgubane babengabambisene ekukhuzeni izingane. UMaMthimkhulu waxabana noNgubane mayelana nodaba lokwebiwa kwemali kaMaXakushe, ukweba imoto kaMiss Hawkins ngu-Euthenasia kanye nokuthengela izingane imoto.
- Indlela ayekhuliswe ngayo u-Uzithelile yamsiza ekuthini agcine ephumelele empilweni. Wayenobuntu walekelela uMelody ngezingane ukuba ziye kohlala eMpaphala ukuze zikhule kahle. Waphinde wamgququzela ukuba angayeki ukufunda. Wafaka isandla kangangoba bagcine sebefunda phesheya kwezilwandle benoVikizitha.
- UHlanganisani wayebalekelela abakwaCele ngokuba asebenze ezingadini zomesisi eShowe ukuze akwazi ukukhokhela yena nodadewabo esikoleni. Ngezimpelasonto wayethwalela abelungu izinduku zegalofu, nokwaholela ekuthini agcine ezithengele ibhayisikili, okwagcina kwenze abanye abafundi bamgcone ngalo bethi uBhayisikili.
- UHlanganisani wayevuka ekuseni uma izulu linile ayokukha inkowankowane ezigangeni ayidayise wagcina esebizwa ngoNdishana. Wayehlwaya amagalofu awathengise ukuze athenge izinsizakufunda zakhe nodadewabo. EzakwaNgubane izingane zazingenayo imisebenzi eziyenzayo ekhombisa ukuzimela, konke babekwenzelwa ngabazali bazo.



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



- OHlanganisani babekhuliswe ngokwenkolo yobuKhristu eyayibafundisa ukuthi bangabuphuzi utshwala besakhula ngisho sebekhulile. Babekholelwa emazwini acashunwe eBhayibhelini athi, 'Iwayini lingumdeleli. Bonke abaduka ngalo bayiziwula' Ngakolunye uhlangothi izingane zaseMlazi, U-Euthenasia noMelody babebuphuza ngoba uNgubane wayebafundise ukuthi babuphuze ukuze uma sebekhulile bangaphuzi mawala.

Ukungefani kwendlela yokukhuliswa kwezingane zikaLinono zaseMpaphala kanye nezingane zikaBafana noPoppie zaseMlazi kuzenze zaba abantu abangefani empilweni. Umthelela wabazali namakhaya ezikhuliswe kuwo ubonakalile empilweni yazo.
(Abahlolwayo bangasebenzisa nezinye izibonelo)
[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

13.1 Umoya wethemba. UCele unethemba lokuthi uNkulunkulu uzobapha amandla benoMaKhumalo ukuthi bekwazi ukukhulisa izingane zikaLinono, oHlanganisani no-Uzithelile ngoba isimo sakwaBafana asilungele ukuthi bakhulele kuso.
[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umoya wasekela] (2)

13.2 UMaKhumalo ukhathazekile ngokuthi uCele usenqume ukuthi bazigcine izingane zikaLinono ngoba yena wayengazi ukuthi bazozikhulisa ngani ekubeni behola impesheni. Umoba uyatetema, izincwadi ziyabiza futhi kunezifo.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile izizathu ezenza isimo sezinto singabi sihle] (2)

13.3
- Umndeni kaMaXakushe wazithola usubulawa yindlala, ungasenayo imali yokuthenga ukudla ngoba u-*Euthenasia* wayesetshontsha imali yakhe uma emthume eposini.
- Inkomo eyayifanele ukuthengwa kwamaXakushe ayizange isathengwa, imali idliwe ngu-*Euthenasia*.
- Ingane kaMaXakushe uNangomso, yaphoqeleka ukuba iphume esikoleni iyobamba amatoho emgwaqeni ngoba imali yokuyikhokhela isitshontshwe ngu-*Euthenasia.*

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile imiphumela yezenzo] (3)

13.4 UMakhumalo noCele babekholelwa ukuthi kubalulekile ukwakha umndeni, onobuntu onesisekelo esiqinile senkolo kanye nenhlonipho ongafani nalo kaBafana owayengakwazi ukukhulisa izingane zakhe ngendlela efanele. Babebefuna zifunde izingane ukuze ziqede indlala ekhaya njengoba babehlala noHlanganisani beno-Uzithelile.
[Nikeza amamaki amathathu (3)



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



13.5 Kuzo zombili lezi zigameko uNgubane uhamba ngenxa yodaba lwezingane. *ELa-Lucia* wahamba ngoba uMaMthimkhulu wathengela izingane imoto bengavumelananga. EMadadeni wahamba ngoba u-Prisca wayeshayise imoto yakhe benoNkebelele, uma esevula icala uMgwazeni wamsongela ngokumbulala.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ngokuhamba kukaNgubane] (3)

13.6 Umbhali uhlose ukuveza ubuqhawe nesibindi sika-Uzithelile yize ayeyintombazane. Ushaya uKhanjana uyamnqoba ekwaluseni ngemuva kokuba emjikijele ngenduku yamshaya kabuhlungu.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguKhanjana] (2)

13.7 Amazwi asesiqeshini asho ukuthi u-Uzithelile wayenamahloni futhi esaba ngenxa yokuthi wayeyazi imithetho yasekhaya efanele abakhuliswe ngayo. Wayazi ukuthi ukulwa noKhanjana kwakungalungile.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umthelela wamagama abhalwe ngokugqamile] (2)

13.8 Ngicabanga ukuthi ibe nomthelela omubi ngoba uNgubane noMaMthimkhulu babengasaphili impilo njengomndeni. Konke basebekwenza ngokwahlukana, babeya esontweni ngezimoto ezahlukene. Ubudlelwano bezingane noyise baphela ngoba zaziphila zodwa, zagcina zinobuhlobo nomama osizayo onguMaXakushe. Umndeni wagcina ngokwahlukanisa. Izingane zabo zaba nengcindezi, u*Melody* wagcina ethole izingane ezimbili engashadile, u-*Euthenasia* wabaleka ekhaya waya eMpaphala.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuveza umthelela wempilo] (3)

13.9 Kwamukelekile ngoba uMaKhumalo ungumuntu obambisene nomnyeni wakhe, onobuntu, uyakhathazeka ukuthi oHlanganisani bazofunda ngani uma bengasayi ukuyohlala eMlazi njengoba bona bephila ngemali yempesheni nesimo somnotho singabahambeli kahle.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ukuthi kwamukelekile wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

13.10 Ngiyazwelana nomlingiswa onguMaXakushe. Wayengumfelokazi ekhulisa izingane ezinhlanu. Kwakungekho omunye osebenzayo owayemlekelela ngenkathi esafuna omunye umsebenzi. Wayesesebenzela umndeni wakwaNgubane iminyaka engaphezu kweyishumi. Uma nganginguMaXakushe ngangiyokwamukela isimo bese ngiyakobika emnyangweni wezabasebenzi ukuba bangisize njengoba ngixoshwe ngokungemthetho.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekuvezile ukuthi uyazwelana noMaXakushe bese esekela impendulo yakhe abuye asho ukuthi wayeyokwenzenjani ukuba wayebhekene nalesi simo.]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)
**[25]**



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-esseyi.

**ISINGENISO**:
Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyabuqonda ubuqili obukhonjiswe ezibongweni zesiqhingi sase-Robben Island kanye nenkinga yeselesele kulobu buciko bomlomo.

**Ubuqili obuvezwa yiselesele**

- Iselesele likhombisa ubuqili ngenkathi indlovu ibuza ukuthi aliyikhokhile ngani intela yenkosi yasehlathini uBhubesi. Lithi likhohlwe isikhwama futhi bese liyikhokhile intela yenkanyamba inkosi yasemanzini.
- Iselesele likhombisa ubuqili ngenkathi ingwenya ibuza ukuthi ayikhokhile ngani imali yeNkanyamba inkosi yasemanzini bese lithi likhohlwe yisikhwama ehlathini futhi bese liyikhokhile intela yeBhubesi eliyinkosi yasehlathini.
- Iselesele lishiya indlovu nengwenya benkemile langena emgodini wexhaphozi ngenkathi bethi bafuna ukuliqeda amanga ngokuthi balibuze kanyekanye ngentela elibakweleta yona eyenkosi yehlathi kanye neyenkosi yamanzi.
- Ukuthi iselesele lilincane kangaka kodwa likwazi ukuqola izilwane ezinkulu kangaka kulona, zigcine zingayitholanga imali kuliveza liyiqili elidlula ukwenza.

**KANYE**

**IZIBONGO: ISIQHINGI SASE-ROBBEN ISLAND**

- Esiqhingini saseRobben Island kuvela ubuqili obukhulu obenziwa abacindezeli bekwenza kulaba ababecindezelwe.
- Lesi siqhingi sasifuye abantu kuhle kwemihlambi edlelweni befakwe ngobuqili.
- Saphendula izinjinga nezifundiswa abantu abanesidina bangafunwa muntu ngenxa yobuqili namanga okwakushiwo ngabo.
- Abanye abagwetshwa kulesi siqhingi babehamba amasolokohlo bengaphinde bebuye emakhaya ngenxa yokugwetshwa iminyakanyaka begwetshwa ngobuqili bungenziwanga ubulungiswa, baphethe ngokufela khona.
- Ngisho ababecindezelwe babenakho ubuqili ababekwenza kubacindezeli ngenxa yezinto ababezenza umshoshaphansi belwela inkululeko.
- Lesi siqhingi saba yinkambi yenkululeko lapho ababecindezelwe babekwazi ukusebenza okwezigqila kodwa bebe onjiniyela okukhulula izingqondo ezazithunjiwe.
- Lesi siqhingi sasenza abacindezeli bezishaye isifuba ngaso behleke emazweni omhlaba kodwa bebe belimaza ababacindezele ngobuqili omaluma bephephetha.
- Ngisho namanje lesi siqhingi sihlomulisa abacindezeli, saziwa umhlaba wonke ngobukhazikhazi kodwa abansundu bazi iphunga laso elibi ngoba sasisetshenziswa abamhlophe ukujezisa abantu abalwela inkululeko ngobuqili/sekuyindawo yokuvakasha lapho wonke umuntu elangazelela ukuya khona kanti kuqala kwakungenjalo.
- Ubuqili obabenziwa kulesi siqhingi abukholakali uma ubuxoxa kungathi kuxoxwa inganekwane ngenxa yobuqili obenziwa ebantwini.

**ISIPHETHO:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Akuvele ukuphawula kanye nokusetshenziswa kwamasu ahlukene obuqili obukhonjiswe kubuciko bomlomo. **[25]**

SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**IZINGANEKWANE: Izibongo Zenkosi u-Albert Luthuli**

15.1 Ukhathazwa kuthi unezitha eziningi futhi kunezingozi eziningi ehlathini lokho kwenza onogwaja bafe besebancane.
[Nikeza amamaki amabili uma enikeze isizathu sokukhathazeka] (2)

15.2 Isimo senhlalo kasisihle ngoba unogwaja uhlalele ovalweni, usabela impilo yakhe neyezingane zakhe. Uze uzifundisa ngamasu okumele ziwasebenzise ukuze zikwazi ukuphepha ehlathini. Wayegcizelela ukuthi isikhali esikhulu sokuphumelela ukuba ube nobuhlakani.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile isimo senhlalo] (3)

15.3 Umlingiswa oyibhubesi uvezwe njengomlingiswa ononya ogabisa amandla kodwa ebe eyisiwula kanti umlingiswa ongunogwaja uvezwe njengomlingiswa onozwelo yize emncane kodwa unobuhlakani obukhulu.
[Nikeza amamaki amabili uma eqhathanise ukuvezwa kwabalingiswa] (2)

15.4 Lesi saga siyahambelana nokwenzeka enganekwaneni. Ngemuva kokuthi unogwaja efundise izingane zakhe ngokuqaphela ngaso sonke isikhathi, nazo zase zihamba ngokunyonyoba, zime, ziqalaze futhi zilalelisise umsindo owabe wenziwa ibhubesi elabe libhajiwe njengokwenza kukanina.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ukuhambelana kwesaga nenganekwane] (3)

15.5 La mazwi anobuqiniso ngoba ubuhlakani ibona obasindisa unogwaja nezingane zakhe. Wayenga ibhubesi ukuba liziphindisele esihibeni nebala laziphindela wase eyasinda kanjalo nezingane zakhe ngenxa yokusebenzisa ubuhlakani bakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngobuqiniso bamazwi] (3)

15.6 Yamthwesa isicoco.
[Nikeza imaki elilodwa uma etomule isithakazelo wasibhala1] (1)

15.7 Mandlanduna.
[Nikeza imaki elilodwa uma etumule umugqa ebinzeni loku-1 wawubhala phansi] (1)

15.8 Inkosi uLuthuli yayingaqondakali iguquguquka futhi yasebenzisa ulimi lwabo abamhlophe ukulwa ukuze kukhululeke abantu abamnyama. Yenza sengathi ihambisana nabamhlophe kanti ifuna bayifundise yaguquka yalwisana nabo uma isifundile ukuze kuphele ubandlulula esizweni esimyama kanti nonwabu luyashintsha umbala kuye ngesimo.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane okushiwo yizibongo emgqeni wesi-5 nowesi-6] (2)



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



15.9 Leli hubo ligqamisa ukuphokophela wenze okuthile ngisho noma kunzima. Kuyahambelana nokushiwo yizibongo zenkosi uLuthuli eyaphokophela kunzima yalwela ubulungiswa yaze yakhohlwa ubukhosi. Yancamela ukuthi ihlupheke ukuze kukhululeke abantu abansudu ebugqilini.
[Nikeza amamaki amane uma ebuhumushile ubudlelwane bezibongo nehubo] (3)

15.10 Umqondo wokuthi inkosi uLuthuli isebenzise imfundo ukulwisana nebelungu ababenobandlululo. ULuthuli akazifanisa nabelungu bona abebelwa ngezikhali eziyizibhamu. Wafundisa nesizwe esimnyama saba nolwazi okwenza abelungu badumale ngemisebenzi yakhe yokulekelela abantu abamnyama ukuba baphume ebugqileni babamhlophe.
[Nikeza amamaki amathathu uma ewuchazile umqondo owethulwa emgqeni wama-25 kuya kowama-29] (3)

15.11 Lokhu kuxhumana siqalo 'awusalweli' kusetshenziselwe ukugqamisa ukuthi inkosi uLuthuli wabe engasalweli inhlangano ayekuyo kuphela kepha amagalelo akhe ayesesabalele nomhlaba wonke.
[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngokusetshenziswa kokuxhumana siqalo] (2)
**[25]**



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## ISIQEPHU C: UMDLALO

## UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

## *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

Isitatimende esithi, 'Ukuzicabangela wena wedwa kungaholela ekutheni abantu balahlekelwe yizinto eziyigugu kubo.' Kulo mdlalo kunabalingiswa abazicabangela bodwa okuholela ekutheni balahlekelwe yizinto ezingamagugu. Lesi sitatimende siliqiniso ngoba uMdaluli ongummeleli kulo mdlalo uzicabangela yena yedwa. Ukulahlekelwa kwakhe umsebenzi emva kokuba ediliziwe kwamenza wabe eseshintsha indlela yokucabanga wagcina esenodlame. UMaMlandulii oyinkosikazi kaMdaluli naye uzicabangela yedwa ngoba nanoma esebona ukuhlukumezeka emzini wakhe akalunqandi udlame emzini wakwakhe.

- UMdaluli uthe angadilizwa emsebenzini wathola kuphekiwe kepha wenqaba ukudla. Akaboni ukuthi lokhu kuyamhlukumeza uMaMlanduli lo ophekile. Aze akhulume namazwi amabi okuthi kanti useqonyiwe yini uMdaluli.
- UMdaluli ufuna indabandaba ngenxa yenkanuko yakhe yize uMaMlanduli esaphatheke kabi ngenxa yokumshaya. Lokhu kuzicabangela yena yedwa kumenza ashaye uMaMlanduli ngendlela eyisimanga kuze kulamule uLondiwe. Akaboni ukuthi izingane zakhe seziyamzonda, sezimbona njengobaba ohlukumezayo.
- Isenzo sikaMdaluli siholela ekutheni uKhombephi abiza omakhelwane abazogcina bengasamhloniphi kanti bebemazi njengomakhelwne olungile. Bayigugu phela omakhelwane akumele azithole exabene nabo ngenxa yokuthi unodlame.
- UMaMlanduli ukhombisa ukuzicabangela yena yedwa ngoba kuthi uLondiwe esebophise uMdaluli ngoba ebahlukumeza yena enze ubuqili bokuhlanganyela bakhohlise uLondiwe ukuze asule icala. Lesi senzo sibonisa ukuthi akazicabangeli izingane zakhe ngoba umenzi wodlame okunguMdaluli akasitholi isijeziso esimfanele.
- UMaMlanduli uphinde avune uMdaluli esenzweni sakhe sokuhlukumeza izingane ngokuzixosha emzini wakhe ebe azi ukuthi azinandawo yokulala. Lesi senzi siyamlulaza ngoba sibonisa ukuthi udela izingane zakhe ngoba ezicabangela yedwa encenga ukuhlala noMdaluli izingane zizula emigwaqeni. uncamela ukulahlekelwa yizingane eziyigugu kuyena ngalesi senzo.
- UChivenga uzicabangela yena njengoba edudana noHeshane bese bakha umazisi womgunyathi wokuthi uChivenga useshade noHlengiwe ngoba efuna ubuzwe balapha. Lokhu kwenza amaqhinga akhe angaphumeleli nobudlelwano bakhe noHlengiwe bungabi obeqiniso.
- Ukungaxhumani nomndeni wakhe ngendaba yokuthatha iholide nokuyosebenza eSudan kubonisa ukuzicabangela yedwa uMdaluli ngenxa yokuba nemali. Usehamba yedwa kanti akabuzanga elangeni ushiya umndeni wakhe ngemuva. Kwazamazama umhlaba wase eyasoleka ukuthi ushonile nalaba abagqibeka.



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



- UHlengiwe ufuna imali kaChivenga, ukuqoma uChivenga ngenxa yokuzicabangela yedwa. Ukwenza lokhu ngoba isoka lakhe uManqina lidiliziwe. Ubudlelwano bakhe noChivenga buyonakala ngenkathi esola ukuthi noChivenga esemgebenga.
- UHeshane uzicabangela yedwa ngoba ugwazelwa uChivenga umosha impilo kaHlengiwe. Lokhu kumfaka ezinkingeni alahlekelwe wumsebenzi oyigugu kuyena.

Umbhali uphumelele kahle ukuveza abalingiswa abazicabangela bodwa okwenza bagcine belahlekelwe izinto eziyigugu kubona okuwumndeni, abangani nobudlelwano nomakhelwane kanye nomphakathi.
[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

## UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

## *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

17.1 Ithoni okuzenzisa/obumbuluza. UMdaluli wenza sengathi uxolile ngemuva kokuthi uLondiwe asule icala.
[Nikeza amamaki amabili uma ewunikezile umoya wasekela] (2)

17.2 Ukubuya kukaMdaluli kuqhubekisela phambili izinkinga zomndeni wakhe ngoba ubuya ejele exosha uLondiwe emzini wakhe ngoba ecabanga ukuthi babanga ubukhulu.
[Nikeza amamaki amabili uma eyanisile isigameko sokubuya kukaMdaluli nokwenzeka kulesi siqeshana] (2)

17.3 Izenzo zikaMdaluli ziyithuthukise kahle indikimba yokucwasa kwezifiki ngoba uMdaluli ucwasa uChivenga umbiza ngekwerekwere ngoba eselahlekelwe ngumsebenzi akade esewutholile wanikezwa uChivenga. Uyamthakatha, ubola isandla uze uyolala esibhedlela. Uyaqhubeka umlalela unyendle ehlathini uyamshaya ufuna ukumbulala.
[Nikeza amamaki amathathu uma ebeke ngokufingiwe izenzo nendikimba wasekela] (3)

17.4
- Isisusa sodweshu kulo mdlalo yiphupho likaMdaluli lesiphepho nokuqhamuka kwabantu eNyakatho abakhuluma ulimi olungezwakali.
- Lamxaka leli phupho waba nodweshu lwangaphakathi ngoba wayelokhu elicabanga waze wacela usizo lokulichaza kumngani wakhe uMbhebhezeli.
- Emva kwalokho uyadilizwa enkampanini ese-Clairwood, uphelelwa umsebenzi. Siyaqala isimo ukungabi sihle kuyena uqobo nakwabanye abantu. Leli phupho labe libikezela isimo esingesihle esizokwenzeka emzini kaMdaluli.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqe isisusa sodweshu] (3)

17.5 Isigameko esasifihlelwe uLondiwe ngokwalesi siqeshana ukuthi uMaMlanduli wamncenga ukuba esule icala ayelivulele uyise lokumshaya futhi amxolele kanti uzogcina esevumelana noMdaluli uma esexosha uLondiwe ekhaya.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze ngesigameko esifihlelwe umlingiswa wasekela] (2)



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



17.6 Ubudlelwane babo babehlukile kukhona obeqiniso nobungebona obeqiniso. UManqina ukhombisa ukuba ngumngani oqotho kuMdaluli ngoba uyameseka, amsize futhi amnike izeluleko ezakhayo njengoba ameluleka ngokuthi angashayi umndeni wakhe uma enezinkinga.
UMbhebhezeli ukhombisa ukuba ngumngani olahlekisanayo nongathembekile njengoba acebisa uMdaluli ukuthi athakathe uChivenga amthathele umsebenzi, uyasuka lapho uvakashela uChivenga uzenza umngani wakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile izinhlobo zobungane wasekela] (3)

17.7 Uhlose ukukhombisa ukuthi ingalo yomthetho iyasebenza futhi iyazixazulula izinkinga zomndeni nezomphakathi. UZayeka wakwazi ukusiza izingane zikaMdaluli ngenkathi uMdaluli ehlukumeza uMaMlanduli ngokufika abophe uMdaluli. Uphinde abophe uMdaluli uma eshaya uChivenga.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wesekela] (2)

17.8 Ukuphawula kukaMaMlanduli kumveza njengomlingiswa omesabayo umyeni wakhe, ongacabangi ngokufana nezingane zakhe futhi omthanda kakhulu ukwedlula izingane zakhe. Uyesaba ukuphikisana noMdaluli ngesinqumo sakhe sokuxosha uLondiwe ngoba uyazi ukuthi bangase bashaywe. Uvumelana naye uMdaluli uma ethi uLondiwe makahambe emzini wakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma echaze ukuvezwa komlingiswa onguMaMlanduli wasekela] (3)

17.9 Amukelekile ngoba uLondiwe akayazi indawo yakhe njengengane kaMdaluli. Akakwazi ukuzehlisa akhulume kahle noyise. Ubuye angene izindaba zabantu abadala aphinde abophise ubaba wakhe.

NOMA

Awamukelekanga ngoba uLondiwe wayengazenzi umnumzane wekhaya kepha wayezama ukunqanda izenzo ezingalungile zikayise zokushaya unina uMaMlanduli. Kwakungathi uma luqhubeka lolu dlame lwasekhaya kugcine kuphume isidumbu.
[Nikeza amamaki amabili uma evezile ukuthi amukelekile/awamukelekile amazwi, wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

17.10 Bengingaya emaphoyiseni, ngibike ukuthathwa kwepasi lami ngilulandelele udaba lokushintshwa kwepasi lami, ukuze umenzi walobo bugebengu ezobanjwa agwetshwe.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngabezokwenza wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
**[25]**


SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni
- Sebenzisa irubrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi

Siliqiniso isitatimende esithi, 'Kukhona amakhosi omdabu abusa ngentando yeningi.' esisethulelwa umbuzo ngoba kulo mdlalo (*Awuwelwa UMngeni*) sithola inkosi yomdabu, uSalimani, ebusa ngokwentando yeningi yize kwabe kuyisikhathi sakudala. Okwenzekayo kulo mdlalo ukuthi inkosi uSalimani yabe ibusa ngesikhathi esinzima kwezombangazwe/ nezombusazwe ngenkathi kuqala kufika abelungu esizweni samaNgwazi bathi bazogoba amadlangala ngasemfuleni uMngeni. Abelungu bafuna ukuzithathela umhlaba kaSalimani ngenkani, sekunabantu abangamambuka. Lokho kudala ukubangwa kwendawo nemfuyo.

- USalimani inkosi yesizwe, omele uhulumeni ophethwe ngabelungu, ibizwa uZithulele umazisa ukuthi abelungu banezikhalazo. Bafuna ukuthatha ingxenye yezwe uMngeni, uVimbingwenya noMkhabela. USalimani bamhlanganyela noHulumeni kodwa bayehluleka ngoba ubambisene nabafowabo, izinduna nesizwe sakhe sonkana. Babamba imihlangano eyahlukene ukuze babonisane ngalolu daba.
- USalimani wazisa abafowabo mayelana nombango wemingcele, bahlangana baba yimbumba bathatha lolu daba baluyisa esizweni ukuze ludingidwe kabanzi futhi sazi ngakho konke okwenzekayo.
- Abesifazane nabo bayingxenye yale mihlangano ngisho nondlunkulu kaSalimani uMaLuzindela.
- 
- Inkosi ifunga iyagomela ukuthi izwe liyafelwa futhi uMngeni ungaphenduka igazi, kuba njalo emazweni/ezizweni uma kunabantu abangabaholi ababusa ngokwentando yeningi. Isizwe siwotha ubomvu, ngodaba lokuthi abelungu bafuna ukuvele baziklamele nje umngcele wezwe lokhokho baso.
- Akavumi ukubukelela nje angazami imizamo izwe lithathwe yena abe esonge izandla njengenina. Uya kuSomtsewu uMbusi qobo lwakhe.
- Ekubangweni komhlaba uSalimani usebenzisa ngisho ubhontshisi omnyama nomhlophe ukuthi kwenziwe ukhetho kusetshenziswa izikhamba ezimbili. Uyayisebenzisa intando yeningi akasilo iqili njengabelungu.
- USalimani uthola ukuthi enye yezinduna zakhe uMphiliphili isiyimbuka ihambisana nabelungu bamapulazi yize wayeyinduna yenkosi. Akambulali kodwa unika ithuba ukuba abafowabo babeke uvo lwabo. Uyamhlawulisa ngalesi senzo sakhe, okwakungeke kwenzeke ukube wayengabusi ngokwentanto yeningi. Ngemumva kokuhlawula uMphiliphili uphinde utholakala ehamba nabantu basemapulazini abazohlasela abantu benkosi uSalimani kwaMcondo. Ukhuza kuphela amabutho kaSalimani ngenkathi kuliwa, nalalpho akabulawa noma adingiswe nguSalimani.
- Kwathi noma umngcele sebewuthathile ngobuqili ngokwenkantolo yamajaji eseMshwathi waqhubekisa udaba lwaya emajajini amakhulu aseMgungundlovu. Umlayezo wagcina ngokuliwina icala, wabuyiselwa umngcele wakhe.

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



Lezi zigameko ezingenhla zifakazela ukuthi ngempela inkosi uSalimani yabe ibusa ngokwentando yeningi esikhathini sakudala, sobandlululo kusabusa amakhosi, ekufikeni kwabamhlophe bezimisele ngokuzothatha izwe. Yize abanye abantu base bengamambuka uma kufika izikhathi zobunzima. Lokho kufakazelwa oNgozo noMphiliphili abenze njalo mhla kufika abelungu befuna ukuthatha izwe lenkosi uSalimani. Bakhona abanye abalimelayo iqiniso bangesabi noma sekunzima kangakanani njengabafowabo benkosi uSalimani, uNomehlo nabanye.
[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

## UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)

## *AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa

19.1 Ithoni yokuhlonipha. UNomehlo ubingelela ngenhlonipho, iNkosi uSalimani uyamoyizela lapho ekhuluma noNomehlo. Ibuye igcizelele ukuthi abafowabo mabangalindiswa esangweni uma beze kuyo.
[Nikeza amamaki amabili uma ewunikezile umoya wasekela] (2)

19.2 Ukufika kwabafowabo kaSalimani kuhambisana nobucayi bodaba lwembizo eyayizoba khona ngosuku olulandelayo okwakudinga ihlelelwe kahle.
[Nikeza amamaki amabili uma eyanisile isigameko sokubuya kukaMdaluli nokwenzeka kulesi siqeshana] (2)

19.3 Izenzo zikaZithulele ziyithuthukise kahle indikimba yezombangazwe ngoba uZithulele owumlomo kahulumeni ubize iNkosi uSalimani ukuze bazoxoxisana ngemingcele ukuthi imi kanjani. UZithulele uzama wonke amaqhinga ukuze abelungu bawuthole umhlaba. Uze ulwisa abantu basemapulazini kwaMgqabuli nabakaSalimani ukuze uSalimani ezothweswa icala bese ephucwa umhlaba.
[Nikeza amamaki amathathu uma ebeke ngokufingiwe izenzo nendikimba wasekela] (3)

19.4
- Isisusa sodweshu wukuklanywa kabusha kwemingcele endaweni yeNkosi uSalimani ukuze izwe linikwe abelungu.
- USalimani ushaya phansi ngonyawo uthi ngeke kwenzeke lokho ngoba izwe ngelokhokho bakwaZulu hhayi abelungu.
- USalimani ubiza abafowabo ubatshela ngezinhloso zikaHulumeni zokuthatha izwe loyisemkhulu.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqe isisusa sodweshu] (3)

19.5 Isigameko esasifihlelwe uZithulele ukuthi USalimani wayehlele ukuthi abantu bakoMkhabela noVimbingwenya mabazikhethele bona ukuthi bayafuna yini ukuwela uMngeni. Kuthe uma befika endaweni lapho kuzokwenziwa khona imbizo, uSalimani weza nesu lokukhetha ngokusebenzisa ubhontshisi. Lokhu kwakuyinto ayengayilindele uZithulele okwenza ukuthi anqobe uSalimani.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze ngesigameko esifihlelwe umlingiswa wasekela] (2)

SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



19.6 Amacala athethwa ngezindlela ezingefani elinye kwenziwa ubulungiswa kanti elinye abenziwanga. Icala laseMshwathi lathethwa ngokusebenzisa izindlela zobuqili ngoba kwasetshenziswa ofakazi ababengekho nasempini lase limlahla icala uSalimani. Icala laseMgungundlovu lathethwa ngokweqiniso, ofakazi ababengekho empini abathathwanga bachithwa ubufakazi babo icala lase liyamthetha uSalimani
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile izindlela yokukhuliswa kwezingane] (3)

19.7 Umbhali uhlose ukubonisa ukuthi kusekhona izihlobo zegazi ezithembekile ngempela ezikwesekayo ubukhosi ngokweqiniso ngaso sonke isikhathi ikakhulukazi ebunzimeni. Abafowabo bakaSalimani bayameseka benza ngakho konke okusemandleni ukuze angaphucwa umhlaba aphathiswe wona.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wesekela] (2)

19.8 Ibaveza njengabalingiswa abahloniphayo, abayinikeza indawo yayo iNkosi, yize inkosi isiyabanika igunya lokuthi bangalindi esangweni. Bona baqala ngokulinda, ukuze bagunyazwe ukungena. NoNomehlo uyayihlonipha inkosi kanye nabafowabo ngoba uyabalalela uma bethi akababike kuqala ngaphambi kokuthi mabangene.
[Nikeza amamaki amathathu uma echaze kafushane ukuvezwa kwabalingiswa wasekela] (3)

19.9 La magama agqamisa ukuthi bungamane buphele ubudlelwane phakathi kwenkosi uSalimani kanye nohulumeni uma uhulumeni eqhubeka nobuqili.
[Nikeza amamaki amabili uma ewahlaziyile amagama wanikeza nesizathu sempendulo]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

19.10 Ukuba bengizithola ngiboshelwa icala engingalenzanga njengomlingiswa onguNomehlo, bengingathatha ummeli ozongimela ecaleni. Bengingafuna ofakazi ababekhona mhla kuhlasela abantu basemapulazini njengoba ngangizobe ngiboshwe sizihubela ingoma namabutho. Ngangiyobuya ngifake icala uhulumeni lokungibophela icala engingalenzanga uma sekutholakale ubuqiniso.
[Nikeza amamaki amathathu uma ezwelana]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
**[25]**



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

'Ukuba nomhobholo nokuzicabangela wena wedwa kungakwenza ulahlekelwe izinto eziyigugu kuwe.' Lesi sitatimende siliqiniso ngoba kulo mdlalo, sithola uPhindisiwe, uNkululeko nabanye abalingiswa beba nomhobholo futhi bezicabangela bona bodwa. Lokhu kwenze ukuba balahlekelwe izinto eziligugu kubo.

- UPhindisiwe waba nomhobholo wemali kwathi ngenkathi umyeni wakhe uNkululeko ehambe ngomsebenzi yena wasala waqoma uNkululeko ngoba ezicabangela yena yedwa efuna imali kaNkululeko.UNkululeko uthi angaphuma ejele esemthwalele icala wamshayele ucingo ngesifiso sokuthi baphinde babuyelane bayaxabana noPhindisiwe. Lokhu kwamlahlekisela ubudlelwano obuhle bokuthembana okuyigugu lomndeni.
- UNkululeko uzicabangela yena yedwa ngoba wayeboshiwe ngemuva kokuba akhokhelwe imvalamlomo yokuthwalela uPhindisiwe icala lokushayisa ngemoto ingane ishone. Ulahlekelwa inkululeko yakhe nethuba eliyigugu lokukhulisa indodana yakhe uZiphozonke ngenxa yomhobholo wemali.
- UPhindisiwe ulahlekelwa ukwethenjwa ngumyeni wakhe uThamsanqa ngoba engakhulumi iqiniso ezicabangela yedwa engamtsheli umyeni wakhe ukuthi ukhuluma noNkululeko ocingweni. Akafuni ukutshela uThamsanqa ukuthi ukukhuluma nobani futhi bakhuluma ngani, ugcina ngokuthi uNkululeko uyisoka lomngani wakhe uNokuphika. Uphetha ngokulahlekelwa ngumyeni wakhe UThamsanqa ngoba umbeka isandla uyahamba uphindela kubo kwaMakhunga.
- UPhindisiwe ulahlekelwa ubudlelwano obuyigugu bokukuthandwa ngumamezala wakhe uMaMhlongo owathi uma eshaya ucingo ngoba elubhekise kuThamsanqa ufuna ukumazisa ngokuvakasha kukaNkululeko. Ngokungazi uPhindisiwe uyaphendula. Akalindi nokuzwa ukuthi ukhuluma nobani. Ubiza uninazala ngesikhohlakali okwenza uMathonsi noMaMhlongo bazizwe bengasamethembi uPhindisiwe.
- Ukuzicabangela yena yedwa kwenza uNkululeko anikele kwaMathonsi kubo kwaThamsanqa ephethe incwadi yomshado mbumbulu phakathi kwakhe noPhindisiwe kanye nesithombe esisikwe ephephandabeni, 'Ifa Lamehlo'. Isithombe kwakungesabo somshado benoPhindisiwe. Akazange amcabangele uPhindisiwe noZiphozonke. Ugcina eselahlekelwa yingane yakhe ngoba eseyobhadla ejele ngenxa yokubhuntsha kwetulo lakhe.
- UPhindisiwe ukhombisa ukuzicabangela yedwa ngokwazisa uNkululeko ukuthi izikhiye zasebhange zihlala kuye. Lokho kwamveza njengomuntu ongenaqiniso kuKholekile okwakungamenza alahlekelwe ngubungani obuyigugu kuyena.
- Ikhamera iqopha uPhindisiwe eba imali abengayifakanga emshinini we-ATM ngoba wayezitshela ukuthi uzozithathela yona akhokhele izikweletu ayenazo. Lokhu kuba nomhobholo nokuzicabangela yena yedwa kumhlukanisa nezingane zakhe ezintathu, uThamsanqa kanye nokulahlekelwa umsebenzi okuyizinto ezabe ziligugu kuye ngoba wagcina ngokuboshwa.


SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



Lezi zigameko ezingenhla zifakazela ukuthi ukuba nomhobholo nokuzicabangela wena wedwa kungakwenza ulahlekelwe izinto eziyigugu kuwe. UPhindisiwe uNkululeko belahlekelwe inkululeko yabo ngokuthi baboshwe, balahlekelwa imindeni, uthando, imisebenzi nokunye okuligugu ngenxa yezenzo zabo.
[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

21.1 Ithoni yokukhathazeka ngoba uPhindisiwe ukhathazwa ukuthi kazi uThamsanqa uyizwile yini into abekade emhlebela yona. UPhindisiwe uphinde akhathazeke ukubona uNkululeko esemjikele engasafani nakuqala.
[Nikeza amamaki amabili uma ewunikezile umoya wasekela] (2)

21.2 Ukubuya kukaNkululeko kudalela uPhindisiwe noMaKhangela izinkinga ngoba uNkululeko uyabathumba aphinde abasabise ngesibhamu ngenhloso yokuthola imali. UMaKhangela ugcina esechwensa uThamsanqa bese eyazisola.
[Nikeza amamaki amabili uma eyanisile isigameko sokubuya kukaNkululeko nokwenzeka kulesi siqeshana] (2)

21.3 Izenzo zikaSikela ziyithuthukisile kahle indikimba yothando lwemali ngoba uSikela uvuma ukuphelezela uNkululeko ukuya kwaMathonsi beyokwenza ubugebengu bokuthi avume ukuthi nguye umkhongi kaNkululeko owalobola uPhindisiwe. Uphinde enzele uNkululeko isitifiketi somshado somgunyathi lapho esebenza khona emnyangeni wezasekhaya. Uyaqhubeka uzibandakanya ebugebengwini bokutshontsha imali yasebhange ngoba enganeliswa yileyo ayiholayo.
[Nikeza amamaki amathathu uma ebeke ngokufingiwe izenzo nendikimba wasekela] (3)

21.4
- Isisusa sodweshu ukubuya kukaNkululeko empilweni kaPhindisiwe ephuma ejele. Ushayela uPhindisiwe ucingo ufuna babuyelane kodwa uPhindisiwe uyanqaba.
- UPhindisiwe uxabana noNkululeko umtshela ukuthi wamkhokhela amakhulukhulu amarandi emali ngecala lokushayisa ingane ngemoto.
- UNkululeko uxabana noPhindisiwe umtshela ukuthi uzodalula imfihlo yabo yokuthi uZiphozonke ingane yakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqe isisusa sodweshu] (3)

21.5 Isigameko esasifihlelwe uThamsanqa esokuthi njengoba eze kwaMaKhangela nje, uNkululeko wayefike kuqala kunaye. Wayecashiswe kwelinye lamagumbi. Yingakho uMakhangela wayengafuni ukuba uThamsanqa ahlale isikhathi eside.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze ngesigameko esifihlelwe umlingiswa wasekela] (2)



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



21.6 Indlela abakhulise ngayo izingane ayifani, kukhona umndeni oqotho, nongenabo ubuqotho. KwaMathonsi bakhulisa uThamsanqa ngendlela eqotho, UThamsanqa uyalobola ushada uPhindisiwe ngendlela efanele aphinde ahambe izinkonzo zangoLwesithathu ngokulandela ukuthi uMaMhlongo noMathonsi bayasonta.
KwaMakhunga uPhindisiwe akakhuliswanga ngendlela eqotho njengoba uMaKhangela egqiba uNkululeko ngoba umkhokhela imali ngecala elenziwa uPhindisiwe lokushayisa ingane aphinde angabatsheli abakwaMathonsi ukuthi uPhindisiwe unezingane ezimbili.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile izindlela yokukhuliswa kwezingane] (3)

21.7 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi akusibo bonke abangane abagxambukela ezindabeni zemindeni yabangane babo. UNkumbulo wayazi ngesimilo sikaPhindisiwe esixegayo kepha wanquma ukungamtsheli uThamsanqa ukuze kungabi uyena obhidliza umshado kaThamsanqa noPhindisiwe.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

21.8 Ukuphawula kukaPhindisiwe kumveza njengomlingiswa onokuzisola ngokuba nesimilo esixegayo. Utshela uNkululeko ukuthi wamqoma okwesikhashana ngoba edinga imali njengoba uThamsanqa wayesehambile ngomsebenzi./ kumveza njengomlingiswa onobugebengu njengoba ethi kuNkululeko komele amhlukanisele naye imali yokuntshontshwa.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane ukuvezwa komlingiswa wasekela]
[Okukodwa kwalokhu] (3)

21.9 La mazwi asetshenziswe kahle ngoba uNkululeko wamthwalela icala uPhindisiwe okwakuholela ukuba abuye engasenawo umsebenzi. Ngakho-ke noPhindisiwe wayesefanele ukuthi amsize uNkululeko njengoba naye uNkululeko amtakula.
[Nikeza amamaki amabili uma wahlaziyile amazwi] (2)

21.10 Bengingacela ukuthi bangangilimazi, ngibanike ukhiye wasebhange ngaphandle kokudaza inkani. Ngangizothi uma sengibonile ukuthi sebehambile bonke ngithathe ucingo ngibikele amaphoyisa ngakho konke osekwenzekile.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngabezokwenza wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**



SA EXAM PAPERS

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA**

**ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **5–6** | **4** | **3** | **2** | **0–1** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**6 AMAMAKI** | -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo. | -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenkondlo luhle. | -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo<br>-Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko<br>-Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi<br>-Ulwazi lwenkondlo olugculisayo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle<br>-Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko<br>-Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle. | -Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko<br>-Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo. |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **4** | **3** | **2** | **1** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**4 AMAMAKI** | -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu<br>-Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni<br>-Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo. | -Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle<br>-Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo<br>-Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile<br>-Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka<br>-Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi<br>-Ithoni nesitayela akugculisi kahle. | -Isakhiwo asihlelekile kahle neze<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze. |

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **12–15** | **9–11** | **6–8** | **4–5** | **0–3** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko<br>Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**15 AMAMAKI** | -Impendulo enembayo:<br>-Impendulo enhle kakhulu:<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala. | -Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi<br>-Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko<br>-Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi<br>-Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile<br>-Amaphuzu ambalwa asekela isihloko<br>-Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko<br>-Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko<br>-Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo<br>-Amaphuzu awanelisi nhlobo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **8–10** | **6–7** | **4–5** | **2–3** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula<br>Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**10 AMAMAKI** | -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu<br>-Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu<br>-Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle<br>-Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni. | -Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle<br>-Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle<br>-Amaphuzu ageleza kahle<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Isakhiwo siyabonakala kancane<br>-Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha<br>-Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile<br>-Izigaba eziningi zibhaleke kahle. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso<br>-Amaphuzu awahlelekile kahle<br>-Amaphutha olimi agqamile<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. | -Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu<br>-Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **20–25** | **15–19** | **10–14** | **5–9** | **0–4** |

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za